UNIVERSITY OF JOHANNESBURG

FACULTY	**: Education**
DEPARTMENT	**: Childhood Education (CALT)**
CAMPUS	**: SWC**
MODULE	**: ZFP 1BB1 &ZLU 1BB1 Introduction to isiZulu**
SEMESTER	**: Second**
EXAM	**: Final Exam Paper**

DATE	: **November 2020**	**SESSION**	:
ASSESSOR(S)	: **Ms F. Simelane**		
MODERATOR	: **Mr A. Cassiem**		
DURATION	: **Take home exam**	**MARKS**	: **100**

NUMBER OF PAGES**: 3** PAGES

Umyalelo:

1. Fundisisa imibuzo kahle.
2. Leli phepha lina makhasi awu-3 nemibuzo ewu-5.
3. Phendula yonke imibuzo.
4. Landela yonke imogomo ebekiwe mayelana nokubhalwa kwaleliphepha

Umbuzo 1

Ukubhala

1. Kunemigomo emihlanu okumele uthisha ayisebenzise uma efundisa umbhalo wokuziqambela noma umbhalo wamaqiniso. Bonisa ukuthi unganceda abafundi kanjani ukubhala usebenzisa lenkambiso yokuhlela umbhalo wabo.

Total (20)

Umbuzo 2

Ukufundisa ngokuqonda

2.1 Uthisha ofundisa ukufunda kwamele abe nolwazi olujulile lokufundisa ukufunda ngempumelelo**.** Bhala izingxenye zokufundisa ngokuqonda bese uyazichaza. (10)

2.2 Shono amakhono wokufunda okumele uwathuthukise ezinganeni ukuze zifunde ngempumelelo, uwachaze bese uphana ngezibonelo (15)

2.2 Kubaluleke ngani ukuthi uthisha azi imikhuba yokufunda yezingane? (2)

2.3 Shono imikhuba yokufunda bese uyachaza ukuthi isuke yenzani ingane uma isebenzisa lemikhuba. (06)

Total (33)

Umbuzo 3

UlimiYini umehluko phakathi kwe additive bilingualism ne subtractive bilingualism bese uchaza ukuthi i-additive bilingualism inamuphi umthelela ekwazini ukufunda ngempumelelo. Phana ngamaphuzu amahlanu. (10)

Total (10)

Umbuzo 4

Ukufunda ngokuqonda

Ngokuya ngocwaningo lwe PIRLS (2011) izingane zamabanga aphansi azikwazi ukufunda ngokuqonda. Chaza amasu ongawafundisa ukuze izingane zithuthukise ikhono labo lokufunda ngokuqonda. Bheka kulamaphuzu alandelayo;

4.1. Ukugqugquzela ulwazi lwangaphambilini (4)

4.2. Ukuqagela nokubona ngamehlo enqondo (4)

4.3. Ukubuza imibuzo (4)

4.4. Ukusingatha/ ukuqapha ikhono lokufunda ngokuqonda (4)

(16)

Umbuzo 5

5.1. Yiziphi izindlela zokufunda othisha abangazisebenzisa uma befundisa ukufunda. (4)

5.2 Chaza izigaba ezintathu ngokuya ngokuka Frith (1985) zokufunda izngane ezindlula kuzona. (6)

5.3 Phana ngemisebenzi ongayinika izingane ukuze zithuthukise ikhono labo le-phonemic awareness (9)

5.4 Shono amazinga amathathu achaza ukuphindaphundwa kwamagama (3)

5.5. Chaza i-Phonological awareness (2)

Total (21)

OKUHLE KODWA, ZITIKE!

NGIYABONGA!